

## **ABAKWA-SARS BABAMBE OTHOLAKALE NO-R13.7 MILLION OBESOLEKA NGOKUSHUSHUMBISA IMALI**

**Pretoria, 27 kuNhlolanja 2019** – NgoMsombuluko ebusuku, 25 kuNhlolanja abasebenzi boMnyango wokuThelisa wakwa-SARS babambe obesoleka ngokushushumbisa imali otholakale no-997 750 US dollars olingana no-R13 798 882.00 esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport.

Umgibeli wesilisa ubephethe ubhakha ngaleso sikhathi. Ngenkathi beqala ukukhuluma naye abasebenzi bahlole ubhakha lowo besenzenjalo, umgibeli ube eseqinisekisa ukuthi kukhona esinye isikhwama sezimpahla asifake ngaphakithi.

Abasebenzi babe sebeqhubeka basithola isikhwama base beyalela umgibeli ukuba aye endaweni yokusesha yoMnyango wokuThelisa, lapho abe esephonswa khona ngemibuzo.

Ngesikhathi ephonswa imibuzo, uvumile ukuthi uphethe imali yangaphandle, kodwa wazama ukunciphisa inani layo. Kodwa-ke, kube sekutholakala ukuthi imali eningi yangaphandle ibifihlwe ngaphansi kuzo zombili izikhwama.

Uthe uma ehluleka ukunika incazelo ezwakalayo ngemali, abasebenzi babe sebembopha umsolwa nobe esenikelwa ezandleni zamaPhoyisa i-South African Police Service (SAPS).